# Isingeniso

Izinhlelo zezenhlalo nezokusebenza zingokunye kwezindlela uHulumeni wethu azama ngazo ukubhekana nomlando omude waseNingizimu Afrika wokungalingani emkhakheni wezokumbiwa phansi (izimayini). UMthetho (MPRDA) uthi okuvela phansi (amaminerali) ezweni kuyifa elivamile labaphila lapha. Indawo yoMbuso ngukwengamela ukusetshenziswa kwalezi zinsizakwenza, nokuqinisekisa ukuthi lokhu kuzuzisa wonke umuntu. Lokhu kuchaza ukuthi kusemandleni oMbuso, ikakhulu uMnyango weZokumbiwa Phansi, ukulawula amalungelo ezokumba.

Ngokwe-MPRDA, uma kukhona imayini eduze komphakathi wakini, kumele ifake itshe esivivaneni ekuthuthukisweni komphakathi. Noma yisiphi isicelo sokwenza imayini kumele sifake phakathi uhlelo lwezenhlalo nezokusebenza (SLP) ukucacisa ukuthi lezo zinhlelo ziyizuzisa kanjani imiphakathi. Inhloso ye-SLP ngukuqhakambisa ukuqasheka, ukwenza ngcono inhlalakahle yezenhlalo nezomnotho, ukufaka isandla ekuguquleni imboni yezokumbiwa phansi, nokuqinisekisa ukuthi izinkampani zokumbiwa phansi zifaka isandla ekuthuthukiseni izindawo ezisebenza kuzo.

Nakuba sinayo imithetho enamandla, iqiniso lilapha ekutheni ukusebenza kwe-SLP sekube khona ngaphezu kweminyaka eyi-12, futhi imiphakathi eminingi ethintwa zimayini isahlezi ebuphofini obunzima. Lokhu kungenzeka ngakolunye uhlangothi lokuthi ama-SLP adwetshwe ngaphandle kokubonisana nabantu okumelwe ngabe bazozuza kuwona, bese bengalitholi ithuba lokuziphendulela ngokuzwakalayo ezinselelweni abangqwamana nazo emiphakathini abakuyo. Ngakolunye uhlangothi futhi kungenxa yokuthi akukhona konke okwethenjisiwe ku-SLP okwedluliselwayo, bese noMnyango weZokumbiwa Phansi kawulandeleli sonke isikhathi ukubheka ukuthi lezo zethembiso ziyafezwa na? Lokhu kuchaza ukuthi imiphakathi ethintekayo nabasebenza ezimayini bahlala benengcindezi kwezenhlalo nezomnotho. Sidinga uguquko oluphuthumayo ekudwetshweni kwama-SLP nasekusetshenzisweni kwawo ekufinyeleleni ebulungisweni kwezenhlalo.

Le Nsizakuqonda ijonge ukunikeza ngolwazi kubasebenzi basezimayini nasemiphakathini ethintekayo kwezezimayini, ukuze babe nokuqonda uhlelo lokusebenza kwezenhlalo nezokusebenza, bakwazi ukuhlaziya ngokunzulu i-SLP, babambe iqhaza ekweluseni ukuthi imayini iyahambisana yini nezibophezelo zayo. INsizakuqonda ingasiza ekuhleleni ukuthi kungaxoxiswana kanjani nezinkampani zezimayini noHulumeni ekuhambeni phambili ekuqinisekiseni ukuthi izinkampani zenza khona okwenelisa uMthetho maqondana nezibophezelo zazo kuma-SLP azo. INsizakuqonda inezingxenye ezi-3. Eyokuqala iphathelene nokumele kube ngumongo we-SLP nxa idwetshwa. Eyesibili ichaza ngalabo okumele babe yingxenye yomgudu wokusunguleka kwe-SLP, nokuthi ungalibamba kanjani iqhaza. Eyesithathu inika iseluleko sokuthi ungayithola kanjani i-SLP nokuthi ungayihlaziya kanjani, nokuthi ungalusebenzisa kanjani ulwazi ukulandelela ukuthi imayini iyahambisana nezibophezelo zayo.

## 1 IMAYINI IYAFIKA

Uma inkampani yezokumbiwa phansi ifuna ukumba kumele:

- Ifake isicelo selungelo eMnyangweni Wezokumbiwa Phansi esinemininingwane yomthelela wemayini ezindaweni eziyizungezile
- Idwebe, bese ifaka esicelweni sayo uhlelo lwezenhlalo nezokusebenza olukhombisa ukuthi imiphakathi ethintekayo izohlomula kanjani

## 2 IMAYINI IYASEBENZA

Emva kokuvunywa kwesicelo, imayini isingaqala ukusebenza. Umqulu owahanjiswa nesicelo usuphenduka isibopho ngokusemthethweni. Sekumele manje imayini:

- Igcwalise izethembiso zayo ezisohlelweni lwezenhlalo nezokusebenza
- Ihambise imibiko yonyaka yokuthi iqhubeka kanjani ekufezeni lezo zibophezelo zayo
- Ihambise uhlelo lwayo olusha lwezenhlalo nezokusebenza njalo emva kweminyaka emihlanu

## 3 IMAYINI IYAVALA

Uma imayini ivala noma inciphisa ukusebenza kwayo, akusho ukuthi sekungukuphela kwemayini lokho maqondana nabasebenzi bayo, noma imiphakathi ekuyo. Kumanje nje, inkampani yezokumbiwa kumele:

- Ihlangabezane nazozonke izibophezelo zayo ze-SLP, yakhe umnotho osimeme emphakathini futhi ihlinzeke abasebenzi bayo ngamakhono
- Iqale ukubuyisela umhlaba esimweni lapho okugujwe khona ukuze ubuye usetshenziselwe ezolimo

# Ingxenye 1

## LUYINI UHLELO LWEZENHLALO NEZOKUSEBENZA?

Lolu hlelo lungumqulu okumele wethulwe yinkampani yemayini eMnyangweni yeZokumbiwa Phansi njengengxenye yokucela amalungelo okumba. Singathi nje uliqoqo lwezethembiso imayini ezenzayo eziphenduka izibophezelo emva kokuvunywa kwesicelo nguMnyango. I-SLP icacisa lokho inkampani ezokwenzela umphakathi nabasebenzi, nokuthi inkampani izokwenza kanjani futhi nini lokho.

Isibonelo, inkampani ingazibophezela ukwakhela umphakathi isakhiwo esiyisizinda sokuthola usizo. I-SLP izonika imininingwane yokuthi inkampani izosibeka kuphi leso sakhiwo, usizo oluzonikwa lapho, isamba esibekelwa lokho eceleni, bahlongoza ukusiqala nini leso sakhiwo, nokuthi bafuna ukusiqala kuphi.

Ngokufunda i-SLP yabo, ungathola ukuqonda okuhle ngalokho inkampani ezibophezele ngakho emthethweni. Manje-ke wena usunendawo emqoka okumele ungene kuyo, ngoba njengelungu lomphakathi, usungaqaphela ukuthi leso sakhiwo siyavela yini noma qha. Ngale nje kokuthi kube luhide lwezinto ezizokwenziwa, i-SLP ibuye futhi ibe yisivumelwano phakathi kwenkampani nomphakathi. Uma inkampani ingazigcini izethembiso zayo, umphakathi ungaqonda eMnyangweni nesikhalazo. Buka iNgxenye yesi-3 ukuze uthole eminye imininingwane maqondana nokwelusa ukuhambisana ne-SLP kwenkampani.

## YINI OKUMELE KUBE NGUMONGO WE-SLP?

Iziyalelo ze-MPRDA zibeka ngokucacile ukuthi i-SLP kumele iqukathe imikhakha eminingana. Leyo mikhakha icaciswe lapha ngezansi.

### ① UHLAKA LOKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO WENDAWO

Umkhakha wokuthuthukiswa komnotho wendawo wama-SLP uyadwetshwa ukuqinisekisa ukuthi ukumba kuphosa esivivaneni ekuthuthukisweni kwemiphakathi ezindaweni lapho okunemayini khona, kanye nezindawo lapho abasebenzi bemayini befunwa khona. Kulo mkhakha we-SLP, uzothola okuningi kwezinhlaka okukhona ukuzuzisa umphakathi ngokubanzi. Okumqoka okubili okuphezulu ezinhlakeni kuphathelene nokuthuthukiswa kwengqalasizinda, kanye nokukhishwa kobubha.

Izinhlelo zengqalasizinda ziphathelene nemisebenzi lapho izinkampani zokumbiwa phansi zenza umnikelo mayelana nokuhlinzeka ukutholakala kwamanzi, ukuthuthwa kwendle, ukwakhiwa kwezindlu nemigwaqo (okungaphezu kwalokho okwenziwa nguHulumeni).

Imisebenzi yokukhishwa kobubha noma yokusungula okungenisa imali iphathelene nokwesekwa okuhloswe ukunikezwa yizinkampani zezimayini emabhizinisini emiphakathi. Lokho kungafaka phakathi ukuxhasa ngemali, usizo lwezobuchwepheshe noqeqesho. Yonke ingqalasizinda nezinhlaka zokukhipha ububha kudinga kuhambisane noHlelo Oludidiyelwe lukamasipala lwezinto ahlose ukuzifeza. Iziyalelo ze-MPRDA ziyacacisa ukuthi lokhu kumele kubandakanye:

| | |
|---|---|
| a) | Izimo zezenhlalo nezomnotho endaweni ehlose ukusebenza kuyo imayini, nasemiphakathini lapho abasebenzi becingwa khona |
| b) | Imisebenzi emqoka yokumisa umnotho wendawo okuzosebenza kuyo imayini, nasemiphakathini okucingwa kuyo abasebenzi (njengezolimo, ezokuvakasha noma ukusetshenzwa kokudla) |
| c) | Umthelela ezoba nawo imayini emiphakathini eseduze nayo, nemiphakathi okuhlwaywa kuyo abasebenzi bemayini (isibonelo, okungenzeka ukuthi kube nesidingo sokuthi abantu bathuthe, isibalo sabantu okungenzeka bafike endaweni) |
| d) | Imisebenzi yokuvusa ingqalasizinda nokukhipha ububha ezosekelwa yimayini kokuhambisana noHlelo Oludidiyelwe lukamasipala wendawo ezindaweni ezosebenza kuzo imayini, nemiphakathi okucingwa kuyo abasebenzi |
| e) | Okuzokwenziwa ukubhekela ezenhlalo nezimo zempilo zabasebenzi basemayini |
| f) | Okuhlinzekelwe ukubhekela ukondleka kwabasebenzi bemayini |
| g) | Uhlelo lwemayini lokuqinisekisa ukuthi ihambisana nenhloso yezokumbiwa phansi ekutholakaleni kwezinto nosizo ezinkampanini zalabo ababecindezelwe lubandlululo. Lumele ukufaka phakathi okuzokwenziwa ekutholakaleni kwezinto, usizo nokusetshenziswayo kulezo zinkampani, namagama nemininingwane yalezo zinkampani |

## ② UHLAKA LOKUTHUTHUKISWA KWENSIZAKWENZA YABASEBENZI

Uhlaka lokuthuthukiswa kwensizakwenza yabasebenzi kumele luveze ukuthi imayini ihlose ukukwenza kanjani ukuthuthukisa amakhono abasebenzi, kanye namalungu omphakathi. Kumele lokhu kufake phakathi amakhono aphathelene nezimayini kanjalo namakhono angasetshenziswa kweminye imikhakha yokusebenza (lawa makhono abizwa ngokuthi ngokuthuthekayo nawo). Izinhlobo zemisebenzi engatholakala kulo mkhakha ifaka phakathi imfundo yabadala nokuqeqeshwa, ukuqeqesha ekwenzeni, imfundo exhasiwe, imifundaze, nezinye izinhlobo:

| | |
|---|---|
| a) | Uhlelo lokuthuthukiswa kwamakhono kubasebenzi. Lolu kumele kudalule ubungako bababasebenzi namazinga abo amakhono. Kumele futhi luhlinzekele lezo zikhala zemisebenzi okungelula ukuzigcwalisa esikhathini okungenani esiyizinyanga ezi-12 |
| b) | Uhlelo lokwenyuka kwezikhundla okuluhlelo lokuqinisekisa ukuthi abasebenzi basethubeni lokwenyuselwa ezikhundleni ezingenhla |
| c) | Uhlelo lokucathulisa lapho abasebenzi bemataniswa nabacathulisi ukuqinisekisa ukuthi bayakwazi ukuzihlelela ingomuso emisebenzini yabo |
| d) | Izibalo zokuqasha ngokulinganisa zemayini, kanjalo nohlelo lwemayini lokuqinisekisa ukuthi u-10% wabantu abasebenza emayini bangabesifazane, nokuthi abangu-40% kubaphathi bavela emiphakathini ebicindezelwe lubandlululo eNingizimu Afrika eminyakeni emihlanu imayini yagunyazwa ukusebenza |

## ③ UKUNCISHISWA NOKUDILIZWA KWABASEBENZI

Iziyalelo ze-MPRDA zicacisa ukuthi le ngxenye kumele ifake phakathi:

| | |
|---|---|
| a) | Amasu okonga nokugwema ukulahleka komsebenzi nokuncipha kokuqasha |
| b) | Izinhlelo zokuhlinzekela ezinye izixazululo nezindlela zokulonda imisebenzi lapho okungegwemeke khona ukulahlekelwa yimisebenzi |
| c) | Izinhlelo zokunciphisa umthelela wezenhlalo nezomnotho, kumuntu ngamunye, ezifundeni naseminothweni yendawo lapho okungegwemeke khona ukudiliza nokuvalwa kwemayini. |

## ④ UKUHLINZEKWA KWEZEZIMALI

I-SLP kumele isho izamba zemali ehlinzekelwe maqondana nokulandelayo:

| | |
|---|---|
| a) | Uhlaka lokuthuthukiswa kwensizakwenza yabasebenzi |
| b) | Uhlaka lokuthuthukisa umnotho wendawo |
| c) | Okuzokwenziwa ukulawula ukunciphisa umsebenzi nokudilizwa kwabasebenzi |

# Ingxenye 2

## UNGAZIBANDAKANYA KANJANI?

Umthetho kawukucacisi kahle ukuthi kumele abasebenzi nemiphakathi bazibandakanye nini nakanjani ekudwetshweni nasekufezweni kohlelo lwezenhlalo nezokusebenza. Lesi ngesinye isizathu sokuthi kungani abasebenzi nemiphakathi ethintekayo bevame ukusala ngaphandle ekuzibandakanyeni ekwenzeni i-SLP. Kodwa, ungakhuthalela ukuzibandakanya emshikashikeni ezingxenyeni eziningi ezahlukene.

Umjikelezo we-SLP uyiminyaka emihlanu, bese inkampani yezokumbiwa phansi iletha entsha. Iphuzu lokuqala kulo mshikashika weminyaka emihlanu ongangena kulo uzibandakanye kungasekuqaleni ngaphambi kokufaka eMnyangweni isicelo selungelo lokumba. Kulesi sigaba, inkampani yezokumbiwa phansi izobe isesemshikashikeni wokudweba i-SLP, okukuwo okumele ibonisane nemiphakathi ngesicelo sayo.

Iphuzu lesibili ongazibandakanya kulo, kusemva kokubuya kwempendulo evumayo. Usengacela ukuyibona i-SLP ukuze uqaphe ukuthi imayini iyazifeza yini izithembiso zayo. Okokugcina, ungasebenzisa futhi ulwazi lwakho nge-SLP leyo, nolwazi lwerekhodi lokuhambisana kwenkampani nemibandela ekuxoxisaneni nenkampani ekudwetshweni kwe-SLP entsha. Lokhu kungenzeka ekupheleni kweminyaka emihlanu, noma uma inkampani ifaka isicelo eMnyangweni sokuchibiyela okukhona manje ku-SLP.

## UZIBANDAKANYA KANJANI UMPHAKATHI NA?

Izeluleko ze-SLP zithi izinkampani zokumbiwa kumele zibonisane nomphakathi ngaphambi kokuqedela ama-SLP azo. Kodwa, izeluleko zawo azinaso isimo esifanayo emthethweni njengalokho indaba yokubonisana ingaphathwa eMthethweni i-MPRDA neMilayelo yayo. Ngenxa yaleso sizathu, izinkampani azethembeki njalo ekulandeleni izeluleko, futhi azibonisani ngqo nemiphakathi ekwenzeni ama-SLP azo.

Nokho-ke, uma izinkampani zifaka izicelo zokuba nelungelo lokumba, zilindelwe yi-MPRDA ukubonisana nemiphakathi ethintekayo ekufakeni isicelo kukonke (nakuba ukuxoxisana mayelana nama-SLP kungaqokothiswa ngqo). Ngenkathi kuqhutshekwa nokubandakanya umphakathi ekutholeni ilungelo lokumba, imiphakathi ingacela imihlangano eseceleni nesemthethweni maqondana ne-SLP. Lokhu kuxoxisana okuseceleni kumqoka ngoba i-SLP ingumqulu onyikinyiki onokuningi, okungenzeka imiphakathi ibe nezihloko eziningi engaziphakamisa maqondana nemisebenzi esohlwini.

# KUNGANI KUMELE UYIHAMBELE IMBIZO YOKUXOXISANA KOMPHAKATHI?

Ama-SLP aqukethe imininingwane eqondene nezinhlaka imayini ehlela ukuzifeza ukuzuzisa imiphakathi yendawo esebenza kuyo. Lezi zinhlaka zingabandakanya ukunweba ingqalasizinda, ukusekela amabhizinisi endawo noma ukuqeqesha amalungu omphakathi. Uma lezi zinhlelo zidwetshwe kahle, zafezwa kahle, zingabumba isimo entuthukweni yemiphakathi yendawo. Ukusebenza kwezimali okuhlelelwe ama-SLP kuyehluka ngokobungako komsebenzi wemayini, ngakho-ke ama-SLP ezimayini ezinkulu yiwona amqoka emphakathini. Uma ungaba nomthelela walokho okumele kungene kula ma-SLP, ungakwazi ukuzuza ngempela lokho enikufunayo ngemayini. Mayelana nohlu lwemibuzo ongayisebenzisa kulezo zingxoxo, phenya eSichibiyelweni A ngasekugcineni kwale nsizakuqonda.

Qaphela, izinkampani zokumbiwa phansi azivamile ukulalela amaphimbo emiphakathi, kunjalo nje umthetho awukudingi ukuthi imiphakathi kube yiyo egunyaza ukudwebeka kwama-SLP. Kodwa, ukuba yingxenye yokwenziwa kwe-SLP kungaqinisa ukuzethemba komphakathi uma uba sezingxoxweni nenkampani ngomuso. Lezo zinkundla zokuhlangana zinika ithuba lokuthola ulwazi oluthe xaxa ngokusebenza kwemayini. Ningathola ukwambulelwa futhi ukuthi inkampani iwubuka ngaliphi iso umphakathi, bese kwenzeka futhi ukuthi umenyelwe kwelandelayo imihlangano yokubonisana. Uma nanini niphoqeka uphonsa inselelo engokomthetho ngenikusola enkampanini, ukuba khona kwakho kule mihlangano kungaba ngufakazi wakho wokuthi walisebenzisa lonke ithuba elivelayo ekuxoxisaneni nabo.

# NGUBANI OKUMELE ABAMBE IQHAZA KULO MSHIKASHIKA?

## 1 UMNYANGO WEZOKUMBIWA PHANSI

UMnyango Wezokumbiwa Phansi uyingxenye kaHulumeni kuzwelonke omiselwe ukusebenzisa nokugxilisa imithetho kwezezimayini, okukanye nokumela ukweluswa kokuphenjwa kwe-SLP. Uma inkampani ifaka isicelo sokumba, uMnyango kumele unqume ukuthi ngabe isicelo sayo singanikwa yini igunya ngokusebenzisa imiqulu eminingana okubalwa kuyo ne-SLP. UMphathi wesiFunda wendawo leyo imayini efuna ukusebenza kuyo, ubukeza isicelo, bese ehlola i-SLP yabo. Kumele emva kwalokho bazise imayini ukuthi bayayemukela yini i-SLP, uma kungenjalo bachaze ukuthi yiziphi izinguquko okumele izenze inkampani esicelweni sayo. UMphathi wesiFunda emva kwalokho uzoyithumela i-SLP kuNgqongqoshe weZokumbiwa Phansi, okunguye onika isinqumo sokugcina mayelana nesicelo leso. UMnyango futhi kumele uqikelele ukuthi umphakathi uyakwazi ukuzibandakanya ngenkathi imayini ilungiselela ukufaka isicelo. Ngenkathi umthetho ungasho lutho ngqo ngalokhu, imiphakathi kumele imenywe ukubamba iqhaza emshikashikeni wokusungula i-SLP.

UMnyango futhi kufanele weluse ukuthi inkampani iyahambisana nomthetho, nokuthi iyazifeza izethembiso zayo eziku-SLP. UMnyango ubuyekeza uhlelo lonyaka lokwenza inkampani, nemibiko yayo yonyaka yokuthi ihambisana

kanjani nezibophezelo zayo. UMnyango uyakwazi futhi ukuthumela abazohlola imayini, uma ithola ukuthi ayihambisani ne-SLP yayo, uMnyango ungasebenzisa amandla awo ukuqinisa umthetho. UMnyango unokuningi ongakwenza, kusukela ekukhipheni izaziso kuye ekumiseni noma ekunqamuleni amalungelo okumba, nakuba lokhu kungavamile. UMnyango udinga ukubambisana neminye iminyango, ngokusebenzisa izinkundla zokubonisana zesikhathi esizayo kanye nezinye izakhiwo ukuqinisekisa ukuthi ama-SLP ayafezeka.

## ② UMASIPALA

Omasipala bendawo nabesifunda banendawo emqoka ekwakhiweni kwe-SLP. Ngamunye walabo masipala banikwe umsebenzi wokudweba uhlelo lwentuthuko oludidiyelwe, oluhlose ukufaka yonke imikhakha yezentuthuko kumasipala. Lezo zinhlelo zenza uhlu lwemigomo ehamba phambili kumasipala, nezinhlaka abazidwebayo kumele ziveze okudingwa yimiphakathi abasebenza kuyo. Ngakho-ke, kumqoka ukuthi imiphakathi ibambe iqhaza uma lezo zinhlelo zakhiwa. Ukuqinisekisa-ke ukuthi lokho kuyafezeka, omasipala kumele basungule izigcawu zezingxoxo zezinhlelo zezentuthuko yendawo, lapho wonke umuntu othintekayo engaqoqana nabanye ukuveza imibono nezinsizakwenza. Omasipala kumele bakhuthaze imiphakathi nezinhlangano ezilwela amalungelo abantu ukubamba iqhaza kulezo zinkundla, bese futhi kudingeke baxoxisane nezimayini ukuze ama-SLP azo ahloniphe izinhlelo zentuthuko edidiyelwe nemisebenzi.

Nakuba kungekho sibophezelo esisemthethweni sendawo kamasipala wendawo sokuzibandakanya ekweluseni ukuthi imayini ihambisana kanjani ne-SLP yayo, nokho angalekelela uMnyango kakhulu ngalokho. Ngesizathu sokuba nolwazi lwendawo, omasipala basembonisweni yokuphenya ukuthi izithembiso ezibhalwe ku-SLP ziyagcineka yini, nokuthi ikakhulukazi imayini yenza yona yini imisebenzi ebhalwe ohlelweni lwentuthuko edidiyelwe.

## ③ IZINKAMPANI ZOKUMBIWA PHANSI

Izinkampani zidingeke ukudweba nokufeza izinhlaka, ukuze kuqinisekiswe ukuthi umnotho wezokumbiwayo usetshenziselwa intuthuko yemiphakathi nabasebenzi. Njengalokhu sesibonile, kumele badwebe futhi bethule i-SLP njengengxenye yokucela kwazo ilungelo lokumba. Futhi zibophezelekile ngokomthetho ukufeza izithembiso ezizenze ku-SLP emva kokugunyazwa kwazo. Inkampani idinga ukuveza imibiko eshoyo ukuthi iqhubeke kanjani ezithembisweni zayo ngokwenza umqulu wombiko wonyaka, nokufezwa kwezinhlelo ezathulwa eMnyangweni wezokuMbiwa Phansi.

Uma inkampani ifisa ukwenza izinguquko ohlwini lwezinhlelo eziku-SLP yayo, ingakwenza lokho kuphela ngemvume kaNgqongqoshe Wezokumbiwa Phansi. Kubalulekile ukuthi imiphakathi nabasebenzi babe nendawo emqoka ekwenziweni kwezinqumo nakulezo zinguquko ukuze kuqinisekiswe ukuthi izinkampani azisebenzisi lezo zinhlaka ukunciphisa izibophezelo zazo. Imayini, uHulumeni nemiphakathi kumele baxhumane njalo emjikelezweni we-SLP. Kunohlaka olweluleka izimayini kokuqondene nokuxoxisana nemiphakathi ethintekayo olubizwa ngoMkhombandlela Wokuxhumana Nemiphakathi kanye

Nalabo Abanentshisekelo Nabathintekayo (Guidelines with Commmunities, and Interested and Affected Parties). Kodwa lo mqulu kawuchazi ngqo ukuthi izimayini kumele zixhumane nini noma kanjani ekwenziweni kwe-SLP.

Izindawo ezicebile kumaminerali ambiwayo ziyohlala ziba nemisebenzi nezinkampani ezehlukene zokumba ezifikayo. Imithelela yokumba kwezendawo, kwezenhlalo nezomnotho izozwela kuyo yonke indawo, kwesinye isikhathi kungalandeleki kahle ukuthi ivela kuyiphi imayini noma umsebenzi. Uma kungekho umzamo wokulawula ama-SLP ezinkampani, kungenzeka ukuthi abantu abangalapho bashiyeke ngaphandle kwe-SLP, bese bephuthelwa ukubona abangakuzuza kuyo. Izinkampani endaweni efanayo kumele zibe nenhlonipho, bese uHulumeni kumele aqinisekise ukuthi lokho kuyenzeka. Sesikutholile nokho ukuthi kunombango omkhulu, imishoshaphansi nemizindlo phakathi kwamagceke amakhulu ezimayini nalawo avela muva, bese eba nakho ukuvama ukungabambisani ngendlela enomphumela.

## 4 IMIPHAKATHI

Kanye nabasebenzi bemayini, abasizakalayo abamqoka nge-SLP kumele kube yimiphakathi ehlala ezindaweni lapho kunemayini khona. Ingaba khona imiphakathi eqhelile emayini ethintekayo nayo ngenxa yamabanga okumele ahanjwe ngabasebenzi besuka kulezo zindawo beyofuna umsebenzi. Le miphakathi, kaningi eMpumalanga Kapa noma KwaZulu-Natali, kumele nayo ibandakanywe ibe yizindlalifa ze-SLP.

Imiphakathi iyathinteka ngemithelela emibi yemayini, bese idinga ukunxephezelwa ngalokho. Ukuze kube nobulungiswa embonini yezokumbiwa phansi, imiphakathi kumele izuze ngokuthe xaxa ezimayini kunemithelela emibi. Izinhlelo zezenhlalo nezokusebenza, kanye nezinhlelo zentuthuko edidiyelwe kumele zisekelwe ezidingweni zempela ezishiwo yimiphakathi. Izinkampani nomasipala wendawo kumele babandakanye imiphakathi ekwenzeni lezo zinhlelo, bese futhi beqaphela imisebenzi nokuxoxa nganoma yiziphi izinguquko kulezo zinhlelo.

Ngeshwa, emiphakathini esisebenze kuyo, izimayini nomasipala abaningi bavama ukuxoxisana nesigejana nje samalungu omphakathi. Abaningi abantu emphakathini abakaze bayibone noma bezwe nge-SLP. Kubalulekile kakhulu izinhlangano zomphakathi zazi ngamalungelo azo ngaphansi koMnyango ne-SLP. Lapho umphakathi wehlukene khona, izinkampani noHulumeni kumele baxoxisane nazo zonke izingxenye zomphakathi.

## 5 ABAHOLI BENDABUKO

Abaholi bendabuko banendawo emqoka uma kunemayini ezindaweni zamakhosi. Kulezi zikhathi, kungenzeka kungabi bikho ukubona ngaso linye phakathi kwabaholi bendabuko namalungu omphakathi. Lokhu kungenxa yokuthi kuya ngokuya kuvama kubaholi bendabuko ukuwushiya enkungwini umphakathi uma bexoxisana ngezivumelwano nezinkampani zezimayini ukusebenzisa umhlaba. Imiphakathi ezweni lonke ibika ukuthi lezi zivumelwano zivame ukuzuzisa abaholi bendabuko kunomphakathi ngobubanzi bawo, baze

basuse namalungu omphakathi kuleyo mihlaba. Kube khona futhi izikhathi lapho imiphakathi ibike khona ukuthi imihlomulo ye-SLP, ikanye nemifundaze ehlose ukuzuzisa amabhizinisi endawo, kuya kubaholi bendabuko nemindeni yabo kunalabo abanesidingo esikhulu sakho. Lokho kudala isimo esintengayo lapho imiphakathi ephila ebuphofini ibona umnotho ugobhozela kubaholi bendabuko, kanye nezinkampani.

## 6 IZINYUNYANA

Izinyunyana zimele abasebenzi, abayingxenye yemiphakathi yezezimayini, okumele nazo zibe yizindlalifa ze-SLP. Izinyunyana ezinjenge-NUM ne-AMCU ziyakwazi ukuveza imizwa yokukhathazeka nezidingo zamalungu azo. Zingakwazi futhi ukubamba iqhaza elimqoka ekudwetshweni kwe-SLP, nasekuqapheleni ukuthi imayini ihambisana kanjani nezibophezelo zayo zokuzuzisa abasebenzi, isibonelo, ukuthuthukisa amakhono azo nokuzakhela amakhaya. Abakhulumela abasebenzi babuye bahlale emihlanganweni yokubonisana yesikhathi esizayo ehlela okuphathelene nemithelela yokunciphisa kwenkampani ukusebenza noma ukuvala.

## 7 OSONKONTILEKA BEZOKUMBIWA PHANSI

Abaningi abasebenza ezimayini kabaqashiwe ngqo yinkampani, kodwa baqashwe ngosonkontileka. Abasebenzi bosonkontileka kumele babe nokuzuza okufanayo nokwabasebenzi abaqashwe ngokuphelele, njengalokhu besabambe iqhaza emayini. Kodwa ngokuvamile abasebenzi bosonkontileka abavamile njalo ukuthola imihlomulo ye-SLP.

Ukubeka kucace umthetho: Izinkampani zokumbiwa phansi ngeke zehlukane nezibophezelo zazo eziku-SLP ngokuqasha osonkontileka ukuba benze umsebenzi. Kodwa akukho okulawulayo ukuthi izimayini nosonkontileka bazo kumele ziwuthobele umthetho ekufezeni ama-SLP. Okwethulwa ngumeluleki ocwaningweni lwaseMarikana kuthi, izinkampani ziyehlukana kakhulu odabeni losonkontileka. Imboni yezokumbiwa phansi ayinayo indlela eyodwa ekubandakanyeni osonkontileka ekwakheni nasekusebenziseni i-SLP.

# Ingxenye 3

## UNGAFINYELELA KANJANI KU-SLP?

Uma ubungabanga yingxenye yokwenziwa kwe-SLP kusukela ekuqaleni, usengakwazi ukubamba iqhaza elimqoka ekuhlaziyeni umqulu nasekusizeni ukuqinisekisa ukuthi imayini iyahambisana yini nawo. Okokuqala, udinga ukuyithola i-SLP. Ngenxa yokuthi ama-SLP ayimiqulu yokufundwa ngumphakathi, futhi ngawokuthi kusizakale imiphakathi nabasebenzi, izinkampani noMnyango Wezokumbiwa Phansi kumele bahlabele phambili ekutholakaleni kwama-SLP, ngalokho akudingi ukuthi nize nibacele ukuba niwathole. Izinhlangano eziningi zisemkhankasweni wokuthola ama-SLP ukuze kuzenzekele ukuthi imiphakathi iwathole. Nokho, kumanje nje amaningi ama-SLP awenziwa atholakale kalula emiphakathini, ngakho-ke kumqoka ukwazi ukuthi ungacela kanjani ukuwathola. Amakhophi e-SLP asezandleni zoMnyango kanjalo nenkampani. Kanjalo-ke ungaya kunoma kuphi kulaba uyocela ikhophi.

### ① UKUCELA UKUYITHOLA EMNYANGWENI

UMnyango Wezokumbiwa Phansi kumele ube namarekhodi ama-SLP azo zonke izinkampani. Ukuze ukwazi ukuthola amarekhodi eMnyangweni, kufanele ulandele umgudu obekwe ku-Promotion of Access to Information Act (PAIA), okunguMthetho wokukhuthaza ukufinyelela emininingwaneni. Kulokhu esikhuluma ngakho, kuzodinga ugcwalise ifomu elibizwa ngokuthi yi-DMR 131 Yesicelo Sokufinyelela Kumarekhodi bese ulethula eMnyangweni ePitoli. Ungayithola ikhophi yefomu ekugcineni kwalo mqulu eSichibiyelweni B. Ungalindela impendulo evela kubo ezinsukwini ezi-30 evumayo noma enqabayo ukuthola lowo mqulu owudingayo. Uma kuvunyiwe ukuyithola leyo miqulu, kungenzeka ulayelwe emahhovisi endawo oMnyango, lapho ongenza khona ikhophi ye-SLP. Uma ungalinikwanga ilungelo, ungabuye ufake isikhalazo maqondana naleso sinqumo eMnyangweni.

### ② UKUFAKA ISICELO ENKAMPANINI

Esikwaziyo, kulula ukuthola ama-SLP eMnyangweni, kodwa futhi ungaya enkampanini luqobo. Isicelo esibhekiswe enkampanini asinayo imibandela, kodwa lezi zicelo zivame ukungaphumeleli. Nalapho usengasebenzisa umgudu osetshenziswa uma ucela eMnyangweni ngokugcwalisa ifomu elisekugcineni kwalo mqulu eSichibiyelweni C. Uzobona ukuthi kuzodinga ukhombise ukuthi umqulu owucelayo uwufunela ukuwusebenzisa noma ukuvikela amalungelo akho. Nalapho busekhona ubucayi bokuthi senqatshwe isicelo sakho. Kungafani nokuya eMnyangweni, uma benqaba ngeke ukwazi ukukhalaza enkampanini enqabile, kunalokho ungadinga ukuyomangala enkantolo.

## UNGASIZA KANJANI UKUTHI IMAYINI IHAMBISANE NEZIBOPHEZELO ZAYO EZISOHLELWENI LWAYO LWE-SLP?

Uma sewuyitholile i-SLP yemayini emphakathini wakini, usungayicubungula ngeso elijulile uyiphonsele inselelo into equkethwe lapho. Isinyathelo sokuqala, fundisisa okuku-SLP, ubuze imibuzo yokucinga amaphutha asohlwini olubhalwe ku-SLP eseSichibiyelweni D. Ingakusiza ukuthola ukuthi zikhona yini izinkinga ekudwetshweni kwayo i-SLP. Ungasebenzisa futhi izinhloso ezibhalwe lapho ukuqaphela ukuthi inkampani yenza ekuthembisile yini. Ungasebenzisa ithebula, elinjengalelo eliseSichibiyelweni E, ukukusiza ukuthi uqaphele nokuqopha phansi ukuthi imayini iyakufeza yini lokho ekusophile ku-SLP yayo. Ungaqala ngokwenza uhlu lwemigomo eku-SLP, nokuthi kwakumele ikufeze nini lokho inkampani, nokuthi inkampani isikwenzile yini lokho noma qha.

## KWENZEKANI UMA IMAYINI INGAHAMBISANI NEZIBOPHEZELO ZAYO NA?

Uma usuqala ukubhala phansi ukuhambisana kwenkampani ne-SLP yayo, kungenzeka uphawule ukuthi inkampani izethembiso ebizenzile ayizifezanga. Ungaqhubeka ufune obunye ubufakazi balokho ngokucela ukuthola umbiko wonyaka wenkampani. Uma ucabanga ukuthi inkampani ayihambisani nezibophezelo zomthetho, ungaya eMnyangweni ukuyoyiceba inkampani. Buka iSichibiyelo F no G ukubona amasampula ezincwadi ongazisebenzisa.

Ezikhathini eziningi, kunemiphakathi ethintekayo nabasebenzi okungenzeka ukuthi bayesaba ukulahlekelwa yimisebenzi yabo uma beceba imayini. Kuyinto eqondakalayo leyo. Umthetho obizwa nge-Protected Disclosures Act uthiya izinkampani ekwesabiseni nasekuhlupheni abasebenzi uma bebika ukwenza okuphambene nomthetho. Lokho kufaka phakathi imibiko eyethulwe eMnyangweni yokuthi inkampani ayenzi ngokwezethembiso ezishilo ku-SLP yayo.

Izethembiso ezenzayo inkampani ohlelweni lwayo lwezenhlalo nezokusebenza ziyayibophezela ngokomthetho. Uma inkampani ingahambisani ne-SLP, ngalokho uMnyango ungayimisa noma uyephuce ilungelo lokumba. Nokho, uma sekufanele kwenzeke akwenzeki. Okunye okukule nkinga ngukuthi uMnyango okwamanje awukabi nabo abahloli abenele bokuqapha ukuthi izinkampani zihambisana kangakanani nama-SLP azo, okunye akukho ukukhuthaza okwanele ukuqala lokhu kuqapha. Ingcindezi yamalungu omphakathi nabasebenzi imqoka njengoba ningabahlanganyeli abamqoka ababheke ukuthi izimayini ziyahambisana nama-SLP azo.

Ngenxa yaleso sizathu ukuqeqesha imiphakathi nabasebenzi ngolwazi lwamalungelo abo kumqoka. Izinhlangano eziningi ezinjenge Ndifuna Ukwazi zikwenze ngempumelelo ukulandelela ukusebenza kukaHulumeni, zayisebenza imininingwane njengethuluzi ukucindezela izinkampani ukufeza izibophezelo zazo emiphakathini. Ama-SLP asethubeni lokusetshenziswa ngokufana nalokho. Ngenkathi ulwazi lwakho lukhula ngama-SLP, lokhu kuzokwenza ukwazi

ukuqapha ngempumelelo nokubhala phansi ukuthi inkampani iyahambisana yini nezithembiso zayo. Usungayiphonsa inselelo ube uhlomile ngamaqiniso abhalwe phansi.

Enye inkuthazo yezimayini yokuhambisana nama-SLP azo, ngukwesabela ukonakala kwamagama azo. Ithuluzi okuyilona lokulwela ubulungiswa bezenhlalo yemiphakathi ethintekayo nabasebenzi, ngukubhikisha kokuvula amehlo abantu uma imayini ingakufezi okusezithembisweni. Uma usuyihlaziyile i-SLP wathola ukuthi imayini ayihambisani nayo, ungathumela umlayezo oqinile wokuthi inkampani iphambene nezibophezelo zayo ezisemthethweni.

## YIKUPHI OKUNGABA YIZIXAZULULO OKUNGATHOLAKALA NA?

### 1 UKUQAPHA UKUHAMBISANA NOMTHETHO

Uma unesiqiniseko sokuthi ukholwa ngukuthi imayini yenza imisebenzi engagunyaziwe noma ayihambisani nemibandela yelayisense yayo, kukanye nokuphathelene ne-SLP yayo, ungaya eMnyangweni. UMnyango unalo igunya lokuphenya nokuphoqa imayini ukuyiyekisa imisebenzi engekho emthethweni noma uyiphuce ilayisense. Imininingwane yokuxhumana noMnyango ingatholakala eSichibiyelweni C.

### 2 UKUYA ENKANTOLO

Uma wazi ukuthi inkampani inikwe igunya lokumba, ekubeni ufisa ukuyiphosela inselelo ngaleso sinqumo, unakho ukuthi uyiyise enkantolo. Isimangalo singaba luhambo olude, futhi akukho siqiniseko sokuthi sizophumelela. Ukunquma ukuya enkantolo kumele kwenziwe sekube khona ukujula ngomqondo nokuxoxisana emphakathini. Usungaya kubameli abanjengalabo ababhalwe eSichibiyelweni C. Umthetho wethu uvumela okuningi esingakhetha kukho ukusebenzisa amalungelo ethu uma imayini ibe nomthelela ongemuhle noma ongamukelekile emvelweni yethu. Ukwenza lokho kuqala ngokufaka isikhalazo eMnyangweni Wezokumbiwa Phansi, WeziNdaba Zezemvelo noma owaManzi Nenhlanzeko kuye ngohlobo lwesikhalazo sakho. Kumqoka ukufaka isikhalazo ezinhlakeni ezifanele. Uma ungqongqoshe oqondene esichitha isikhalazo sakho, ungaya eNkantolo ePhakeme lapho ijaji lizobuyekeza isinqumo, okungenzeka iNkantolo iyalele ungqongqoshe ukuba abuyekeze isinqumo sakhe.

Kungenzeka futhi nifake imayini noma abaqondisi bayo isimangalo sobugebengu. Kunamacala amaningi ezemvelo afaka phakathi ezezimayini ezenziwa ngaphandle kwemvume noma amalayisense acacile, noma ukwenza imayini engaphandle kwemingcele egunyaziwe. Kungaba licala futhi ukungahambisani nemibandela ye-SLP. Uma kunokunukubezeka okuxakile komhlaba wenu, amanzi, nomoya, kungenzeka ukuthi imayini isebenza endaweni ngokungemthetho.

Okunye eningakwenza ngukufaka isimangalo ezingeni lomphakathi. Uma ulimele ngokomzimba noma ngenye indlela, futhi kube kungukuthi unabo ubufakazi bokuthi kuvela ekunukubezekeni okuvela emayini, ungafaka isicelo sesinxephezelo emayini. Kumqoka ukuqaphela ukuthi lezi zicelo zezinxephezelo zingaphumelela kuphela uma ungafakazisa ukuthi ulimele, nokuthi imayini

yenze kabi, nanokuthi ukulimala obenakho kube ngenxa yalokho kwenza obekungafanele. Ungadinga usizo lochwepheshe ukukhombisa inkantolo ukuthi ukulimala kwadalwa yimayini.

# ISIPHETHO

